Chunu history and other details K13/21

s481 (33) 1b K13/ ~~AM/3~~/21 F. Vilakazi 1/16

1. ## Amachunu

## Umuzi wenkosi.

Umuzi wenkosi awumunye miningi njengo kuthanda kwenkosi. uPhakade waye nemizi emi6ili eKuvukeni umuzi wakhe omkhulu; nase Zintandaneni. EKuvukeni iwona muzi wenkosi umkhulu lapha inkosi amachala iwathethela khona. Lomuzi ubeke eWineni. Njengo6a uPhakade angasekho noMjudo oyena e6usa namhlanjena u6usela lapho emuzini kayise omdala. Wonke amakhosi asemachunwini a6e6usela eKuvukeni umzi omkhulu ka Phakade ka Macingwana.

Oyena ephembe isizwe samachunu kuleli lase Msinga nganeno ko Tukela uPhakade. Kwathi ngokufa kuka yise uMacingwana wese
2. uphinda emuva kwaZulu lapho uyise a6aleka khona. Naye futhi kwafumaniseka ukuthi akaphathana kahle noZulu weqaweza esilungwini. Kwathi inkosi yakwa Latha ngoku6onana naMachunu ya6aleka ngapheshaya ko Tukela eManyiseni yabeka eQudeni. Kwathi nezinye izizwe azifumanisayo lapho aMachunu azi6ulala njenga Malala ka Ngotshane. A6akwa Dladla ngokunga6i nayo inkosi 6ase 6ekhonza eMachunwini 6aphendula iminyango ya6o. Kwathi a6akwa Dumakude ngokunga6i nayo inkosi 6aphendula iminyango ya6ofuthi. Zonke lezizizwe zazi6aleka kwaZulu ngo6a kungekho ukuhlala kahle kwaZulu. 6ezithi zingawelela esilungwini uZulu aziyeke. Kwakuthi ikani loku amazi6uko agadiwe 6awele ngamanye e6usuku. Ukukhonzwa kukhonzwa
3. ngezinkomo. Umemi Mgco6o yena wakhonza nga6antu nangezi ntombi zesigodlo ku Phakade wase uyakhanjalo umuzi ka Phakade. Kwathi uMemi wemenza iduna yakhe.

Isigodlo senkosi sasakhiwa amantombazane kuphela. Ayekhetwa lamantombazane. Kwakuthi amantombazane asinde uma kuhlaselwe wona enziwe umndlunkulu wenkosi. Kuzakuthi amanye a6eyiziqila. Umundlunkulu wenkosi wawungavunyelwe ukuqoma umakwenzekile enye intombazane yethuka iqomile yayi6ulawa, nesoka li6ulawa ngo6a idlisa inkosi ngamanyala. Kwakuthi nase6usuku kunezinduna ezigada umuzi wenkosi njengamaphoyisi egade idila6a. Kuthi izinsizwa
4. zithi zinyonyo6ela umundlunkulu zi6anjwe zi6ulawe. Izintombi nazo

MEM /kwenzeke...............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

kwenzeke uku6a zi6anjwe x zeqa uthango ziyofuna izinsizwa. Kwakuthi loku uthango lu6iyelwe ngezihlahla ezinameva a6uye afakwe ngama6omu ukuze kungeqi lutho, zithathe xxpx iziphuku zizithi-mbo phezukothango ukuze ameva angazihla6i. Zazishintshana kuthi ngolunye usuku kuye ezinye ezinyeke ku6eyizona zizindla isikhathi soku6uya kwezintombi eziye emasokeni 6ese ziyophonsa iziphuku zizamukele ngazo. Uma zi6anjiwe zi6ulawe zonke; nomase zagana zina6antwana zazi6ulawa zilandwe lapho zaganela khona. Kwaku6a kuhle umakungezwakalanga. Izintombi zase mundlunkulu zazinga se6enzi lutho kwakuyizintozenkosi kuphela.

5. Kwakuthi umasezizi ndala 6ese ziganiswa, kuze ezinye futhi esigodlweni senkosi. Esigodlweni kwakungasondele muntu ngaphandle kwezinceku zenkosi. Isigodlo iyona ndawo yayi6iyelwa kakhulu kunezinye izindawo emuzini wenkosi. O6onakale ephuma esigodlweni a6ulawe noma engenzanga lutho. Umuse6enzi weziqila zazigeza a6antwana 6enkosi njengamantombazane azalwa inkosi. Kwakuthi umakuhlatshiwe athethe inyama e6omvu aphaqule ngayo inkosazana ku6e x yiyona nyama edliwa iziqila leyofuthi. Kwakungavunywa inkosazane uku6a ihlangane nomuntu ngaphandle yoku6a igane umntwana wesikhulwana. Kwakuye kuthi umuntu ofunyaniswe eganga nomuntwana wenkosi a6ulawe. Kwakwenzeka uku6a umntwana wenkosi aziqokele insizwa uma eyithanda athume

6. eziqileni zakhe uku6a ziyomu6izela leyonsizwa. Uma yalile athi enkosi mayi6ulawe. Kuthi uma iqumile ifihlwe inga6onwa, kuthi iziqila ziyigeze kahle ziyiphaqule nangenyama e6omvu. Uma ekeya6omva i6ulawe kodwa umntwana wenkosi anga6ulawa. A6uye alande enyefuthi nayo ithi uma uku6a yalile ngokwazi ukuthi isengozini i6ulawe, uma ivumile ya6onwa i6ulawe futhi. Kuthi uma kulalwa kuthi amanye amantombazane ayiziqila a6e umuqamele wenkosazane, amanye yena6ele kuwona. Kuthi uma isigana inikwe izinkomo zamasi, izinkomo zenyama neziqila zokusenga nokwelusa neziqila zokuse6enza. Kwakukhetwa ku6afana nakuwo amantombazane, a6afelwa izwe a6ange na6ani.

7. Inkosazana ka Phakade uManyukubela akagananga unomuzi wakhe

MEM /khona..................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

khona eKuvukeni, unezise6enzi, nezincikuzakhe. Kuthena ngokufa kuka Phakade kwase ku6a uGa6angaye indodana ka Phakade umfowa6o Silwane, no Gi6a, kanye no Dlayisa. Yena uGa6angaye aka6usanga kwathi ngempi yase Sandlwana wafela khona esalindele uku6ona uku6amba kwe Mbungulu lilwa noZulu. Kwase ku6usa uSilwane wase evumela amakholwa. Amachunu asehlukana ka6ili kwa6a amakholwa namabeshu. Ama6andla aqala kulesifunda sasemachunwini ama-Thophiya. Kwathi uMfundisi uNjoko ephuma eGreytown waphendula a6aningi, nkanti nomfundisi uOtto oyena wa6akhona phambilini uNjoko engakafiki, esephendule a6antu a6aningi.

8. Inkosi uPhakade yamusikela indawo phezu komfula iMoi river wase enza iMission kwa Leje nase Thembeni, nase Mhlangane. Lemission iphakathi kuwo amachunu. Imission yamaLuthela iyiziga6a ezintathu ezindaweni ezehlukeneyo khona emachunwini. Yiloku akwenza eminye imithetho emidala eka Phakade ayimange isaphumelela. Kwathi a6antu a6afelwe yizwe okuswelekele uku6a nga6e6ayiziqila 6a6alekela khona. Kwathi inkosi isifuna ukuzicitha izimission kwafumaniseka ukuthi kwasayinwe yinkosi uPhakade no Otto. Kwathi a6afundisi 6ase Luthela 6ayekhuza inkosi uku6a ingacithi igazi njengo yise. Kwathi inkosi nayo ngoku6ona ukuthi umuthetho uyimele ka6i yakhuza a6antu ~~x~~ ukuthi oyo6ona kala ephethe umkhonto kungayiwa empini ephethe newisa inkomo. uNjoko

9. washumayeza impela a6antu a6aningi. Kwase kungena amaRoma. Wona aqala ngokuphendula a6antu 6akwa Nxele esifundeni sakwa Nxamalala avula nesikole khona kwaNxamalala. Kwase kufika nama Sheshi (Church of England) nawo avula isikole esifundeni sakwa Nxamalala Kwenza amachunu aphela amandla okulwa njenga phambilini ~~x~~ kusa6usa uPhakade no Nodada inkosi ya6a Thembi. Phela aziphelanga izimpi noko za6angcono. Kwathi amakholwa ayekwa ahlonishwa impela nenkosi uSilwane wawathanda. Kuthena umasekusuka impika Babatha umfoka maNciza wakwa Zondo, inkosi yase Ngome wavuka uhlanya uSilwane wafuna ukugalela naye kwa6amhlophe.. Kwathi musukwana

10. ~~xxxxxxx~~ 6eyothela 6aphequza ~~xxxxxx~~ uthuli 6efuna ukususa impi inkosi emhlophe yasheshe ya6ona yahamba. Kwathi



Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

emvakwesikhashana wase uya6anjwa uSilwane wadingiswa. Kwathi unina ka Mjudi walandela wafuna ukuyo6ona ukuthi inkosi iyofelaphi wayeseqamba uM6ulawayo wathi uMjudi. Uyena usa6ambile.uMjudi u6ambele uSimakade oyena ezalwa inkosikazi uma Ngu6ane wase ma6omvini. Kuthena uma esatshudile kwasale kwa wum6ango omkhulu kumachunu ku6angwa ifa uGi6a nenceku yenkosi eyayihlala eZintandaneni. Impi lena eyezindela nanamathela eyaliwa na Amakholwa namabeshu kuze ku6emamhlanjena ayipheli. Iliwa nayizingane. Yehlukanisa imizi eyayakhile ngo6a a6anye 6a6ayizindela a6anye
11. 6a6a amathela emuzini umunye. Umxapho Dumakude wehlukana na6afowa6o wa6a yithelamali kanti iningi la6afowa6o elika Gi6a ka Phakade (Izindela). Wathutha esifundeni saku6o kwa Dumakude namhlanjena x wakhe eMadulaneni. Kwathi uKiki ndawonde wehlukana na6afowa6o ngo6anaye eyithelamali, sewakhe eNtanyana namhlanjena. Kwathi iningi la6antu 6a6aleka 6aya ezikangala emaphulazini eGreytown ngenxa yezimpi. Ikakhulu kwakuhamba amathelamali ngo6a kwakuthi kusa kuse se6awa shisele nezindlu. Umfowase Machunwini ngaphezulu ezintandane 6amushisela umuzi wakhe kwasa ungasa6onwa. Kwathi ngalempi kwafa a6antu a6aningi ngasezi Ndeleni. Kwavela izintandane eziningi. Azimangezenziwa iziqila njengakuqala kusa6usa oMacingwane.

12. Ukuhlupheka nendlala kwasuka ngekathi yezindela namathela. Kwathi kunjalo x iZulu la6alela amasimu ka Lentshisi nokolo awalendwa muntu zabubisa izinyoni. A6aningi 6akholwa emvakwalempi. uNzondo umfoka Dlayisa waphenduka wakholwanaye njengo6a iningi namhlanjena amakholwa. Izimpi zezigodi ziliwa iwona amakholwa, kuxu6ene nawo ama6eshu.

Ukumiswa kwenkosikazi kusa 6usa uPhakade naye uSilwane. Inkosikazi yaMachunu. Inkosi uSilwane wathatha amakhosikazi amaningi kodwa kuwona ayi6anga inkosikazi. Kuthena amachunu esemangele ukuthi inkosi ixa iqondeni ngokungakhombi inkosikazi. Yezwa ngenduna yayo ukuthi aMachunu afuna inkosikazi. Yase
13. ikhomba intombi yase6a Bomvini kwa Ngu6ane ukuthi kuhle iyokweshelwa ne6ala asuka amachunu ayoyeshela. Kwathi uma isivumile kwase

MEM /kulotsholwa............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s481

kulotsholwa. Phela inkosi ayizilo6oleli inkosikazi iyalotsholelwa izinduna namanye amadoda ayizikhulwane. Izinkomo kuthiwa za6a ici6i ezaya e6a Bomvini. Kuye kuthi ukhetho lwentombi ezaku6a inkosikazi yomuzi-luhlome izihlangu, litwale imqele njengama kuyiwa empini. Kwathi uma uma Ngu6ane esesina na6aku6o yasuka induna enkulu yenkosi uMbulayo, yase imunika induku, no msila wesihlangu umsila othandiwe njengowesihlangu. Kuthi uma isinikwe loko ikhonjiswe ama6utho a6antu 6aya. Nakuma Ngu6ane kwa6a njalo.

14. 6esekuthiwa intombi ayishaye ama6utho lawo. Isithathwa intombazane isifakwa phakathi kwa Machunu (Ama6utho) asehu6a ihu6o elimunandi amachunu. Usehamba njalo nama6utho emusa ekhaya. Inkosi isizaphuma ivunulile impela nayo ihamba nezinduna zayo ihlanga6eze umakoti wayonayo. Kuzakuthi lenduku anikweyona induna ashaye ama6utho ngayo. Kuzothi uma eseqedile ukushaya ama6utho 6ese kx kuyiwa esigcawini lapha kuzo sinelwakhona. Kuzakuthi umuthimba u6uyele ngasendla. Iketho lona li6uyele ngenzansi, liqu6ula. Ziqala zilihlele izinduna limengeziga6a zalo. Kuzakuthi umakusina inkosi nezinduna 6ese nentombazane ifakwa phakathi ngase nkosini ku6ekhona izikhulwana phakathi kwentombi nekosi. Lomukhu6a wenziwela ukuvikela um6anga noma inkosi isitshintsha

15. Kuthena unina ka Mjudi walandela inkosi ukuthathwa kwayo a6amhlophe engeyona inkosikazi ehamba nenduna. Uthena uku6a a6uye yathi induna inkosi yamisa unina ka Mjudi inkosikazi ngo6a wayilandela nasekufeni amachunu awakuvumanga loko. Okwamanjena uMjudi u6ambele uSimakade oyena ezalwa inkosikazi uNgu6ane. Na6amhlophe 6azi uma Ngu6ane. Akufani nasesilungwini lapha kuthiwa inkosikazi eyokuqala.

uDlayisa ukuza okayise efuna ukugalela x njengo6a wayeseyi susile umfoka Mancinza uBabatha. Musukwana kuyothelwa inkosi ya6iza wonke ama6utho uku6a aphelele komkhulu izinduna zamemezela lonke lasemachunwini. Kwasuka kwaze kwasuka namakholwa.

16. Inkosi yaqala li6omvu enzansi ukuhlela ama6utho. Kuthiwa lathi umaseli phezulu yaqunqa yamnyama yesa6eka inkosi uSilwane, yafana nesilwane njenge gamalayo. Yawaphaka yawaphaka yagcina

MEM /ngamakholwa..........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ngamakholwa. Yase iliqamba 6utho lamakholwa yathi izazi. Kwathi uku6a iqede yayinikela khona ngaphesheya kwempofana. Usethi ukumu6ona uDlayisa ukuthi uyimpi usemukhuza. Usethi, "Wena ka6a6a nda6azitha, ungenza kanjani ukulwa na6elumbi engithi i6ona a6asivikele emukhontweni wakwaZulu na? Uma usuxa6ana na6o wo6alekelaphi na?" Yase ithamba inkosi uthena noma umfoka Kakaza ushunqisela a6elungu ngothuli ethi ususa impi kwafumaniseka ukuthi inkosi umumethe amazwi ka Dlayisa.

17. Kwathi noma isiya ekhaya wa6uye wayincenga futhi umfowa6o ukuthi amachunu asizwa a6amhlophe ukuze asinde ezandleni zikaZulu. Futhi uMachingwana wasizwa a6amhlophe uZulu esemu6ulala. Khumbula ukuthi futhi nina Machunu kuthena ngempi yase Sandlwana nelekelela a6elumbi nalwa noZulu. Wa6ona masishane uSilwane ukuthi uqinisile uDlayisa kuloku kusho kwakhe usethula. 6a6ona a6amhlophe ukuthi akalungile 6amuthatha 6amudingisa. uSilwane wayesehlose x ukuthi uzakuyiphaka lishona yelekelele uBabatha. Kungathi uBabatha wathumela kuyena ukuthi kuhle amusize naku esemika6i ngenda6a yempi. Uthe anga6ona ukuthi amachunu awelekeleli wa6aleka uBabatha.

18. uDlayisa ka Phakade ka Macingwana u6uyisa amadlozi:-

Kuthena ngempi yamathela nezindela e6ona 6ephela a6antwana 6enkosi. Wa6iza a6akayise uku6a ku6uyiswe amadlozi ngo6a kwafa owenkosi uMgundane oyena owaye 6asiza impela kuko konke. Kuthena uma afe umnumzana kwaye kwafa inkosikazi yakhe 6enziwa uku6ona a6antwana 6enkosi 6efa ucaca kwathi iphela impi yayiphelana6o 6engagwazwe muntu. Akwaziwa noma 6ashaywa uvalo lamadodana a6a6o aphela kulempi. Kwakuwumthetho uku6a amadlozi a6uyiswe ngo6a uMgundane waye kanye noPhakade emazisa amachunu. Kwase kuhlwatshwa inkomo kwadliwa imithi kwathiwa kudliwa amakhu6alo. Kwahlalwa kmxm kuziliwe ngo6a kufiwe.

19. Kwathiwa amakhosikazi angaphuci ekhanda, 6angafakine nesibuda ekhanda. Kwathi musukwana kulungiswa kwathi ma6aphuce ekhanda 6afake no6omvu. Kusho ukuthike manjena a6afelokazi se6ehlambulekile. Kwase kuhlatshwa ke, sekuthethwa amadlozi, seku6ongwa kwenziwa notshwala o6uningi.

MEM /Uku6uyisa...........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s481

Uku6uyisa loku kusho ukuthi ku6uyiswa la6a a6afile 6eze ekhaya a6e idlozi. Idlozi liza ekhaya ngesimo senyaka. Kukhona lenyoka eluhlazana encane enga6ulawa ngo6a kunga6aphansi. Noma kuguliwa umaku6onakele leyonyoka kuye kwethenjwe kakhulu ukuthi uzosinda. Kwenzeke impela asinde. Kuthena inkosikazi umaNzimande ephezu kokufa kwa6ona kala lona idlozi la6ongwa wasinda ngempela umaNzimande ese6ole wonke umzimba.~~okade ungahlangene na6o. Yiloko~~

20. Kwathi ngokunga6ona kali kuka Qudeni ka Dlayisa. Kwethenjwa ukuthi ufele empini yezindela kwase ku6uyiswa idlozi nakuye uma umuntu efele empini kugwazwa inkomo, kuthiwe ka6uye ahlangane nawa6anye ese6afa. Kugwazwa inkomo qede, lo ofileyo amenyezwe ngezi6ongo zakhe. Uma kukhona uyise amenyezwe uyena uma engasekho amenyezwe umfowa6o. Njengo6a uDlayisa waye sekhona uyena owamu6iza ngezi6ongo zakhe. Nazoke:-

Umadumelana hla6azihlangene,
Unomashovushovu kanda6a,
USilo esimaduna, sako Phakade,
Uzingala azidinwa igazi lamadoda.

Umumemeza njalo umi ese6ayeni enhlanaso lapho inkomo igwazelwa khona. Uthi esho izi6ongozake athi siyaku6uyisa namhlanjena uhlangane na6anye. Okade ungahlangene na6o. Yiloko

21. uku6uyiswa kwamadlozi. Kuthi kumenyezwa amadoda asekhona ese6ayeni axelile emi ngezansikwe zinkomo afulathele esangweni. Izinkomo zona zimi enhla nesi6aya kuthi lena ezogwazwa yehlukaniswe nezinye yona. Uzakuthi nansoke inkomo yakho ayisho ngomu6ala wayo. Uzothi angaqeda usezoyigwaza. Uku6uyisa amadlozi akukhethile kungadlula iminyaka eminingi umuntu afa komunye kuyasheshwa kuya ngamalungelo a6antu.

Impi yezindela namathela.

Izindela ezika Gi6a wenkosi. Amathela aka MaNgu6ane nenceku yenkosi uSilwane. uGi6a wamemezela ezindunenі uku6a wonke ama6utho afike ehlomile komkhulu. Kwathi ekuseni wonke amadoda angena eKuvukeni kwasala amathela. Kwathi uma isiphelele impi

22. ya6o nakala inddodana ka Phakade uGi6a efake izinsimba iziqova

/evunule..............

MEM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

evunule ephelele impela. Wayehamba noka yisi uMkwenya. Uthena engena lase lishonile ilanga wase uyaya6anjalo esizwa izinduna zomfowa6o uSilwane nanga6afowa6o. Kuthi uma eseya6ile impi kwase ku6ongwa amakhosi aphansi aseMachunwini uMacingwana, Phakade, uGa6angaye naye uSilwane a6ongwa uQudene uthena uma aqede kwasekushiwo ihu6o lempi sezithukuthele izinsizwa zimnyama zesa6eka zingasa6ukeki. Kwathi uma iyikhipha inyanga kwase kumnyama i6eke othukela. Inkosi uGi6a wasala yena nama6utho amanye. Kuthena k ukudumelana kwayo kwezwakala izi6amu yaze ejehlukana e6usuku impela. Kulapha uQudeni anyemalala khona

23. ka6onakala. Kuthiwa kwathithi ngokuhla6ana kwakhe 6asenaye 6emuhla6a wayese 6enenhlanhla ngo6a aka6oneze afe weya seqaqa ngamadolo waye wangena emuzini wa6a Thembu nganena koTukela. emuzini wakwa x Ntshangase se6emufihla kwaze kwaphela impi. Kuthena noma isiphelile 6amuthukusa nga6a 6esa6a ukuthi amathela ayakuthukuthela. Kuthi kungasazimuntu wavela. Wavela ese6uyisiwe ngedlozi. Kwathi uBonyane uDlayisa wamu6onga ngezinkomo ezimbili ngo6a wamusiza ngomntanake engasasha ukuthi usayomu6onafuthi ethi sewafa. Kwathi uku6a a6ane uGi6a ukuthi 6aphelile a6antu 6akayise wa6aleka ethi uyakucasha kanti nampa a6amhlophe se6ewuzwile umkhondo wakhe 6amu6amba 6amudingisa.

24. Amachunu

Njengo6a ngeshilo a6antu 6ehlukene phakathi a6anye Amabeshu a6anye amakholwa. Amakholwa aqale ku6usa uSilwane.

Ukugqoka kwamadoda amabeshu: Uma kungesilona usuku lomukhosi amadoda agqoka amabeshu enziwe ngezikhamba zamankonyane ngezimbuzi, nange zikhumba zezinkomo nange zk zezimvu ahlo6e ngamaphasi umakuseyindoda esefanele ukuganwa. Awazethwali izigqoko ekhanda, ayaye ahlikihle ku6e kuphela njena. Ukuhlikihla kwenziwa ngezenti. Umuntu uthi esemfuleni, afake insipho eningi, 6ese uyahlikihla ngezinti ekhanda. Ukwenzaloku esecophile wageza nomuzimba wakhe kahle. Uma ingekho insipho 6ageza ngodaka nangomukhamba akuyona into a6ayinake kakhulu insipho. 6ayazithanda 6ona ngo6a umzimba ugezwanjalo nezinyawo nekhanda. Kuthi

MEM /umase6egezile...........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

umase6egezile 6agco6e ngesipho nangamafutha umzimba wa6o. Njengo6a indawo yakhona inameva 6azikhandela 6ona izicathulo ngezikhumba zezinkomo nangamasondo emotho. Isikhumba 6aqala ngokusigcwilisa emanzini 6ese 6angasishuki 6asibo6oze 6afake amafosi 6enze izinca6ulela nezintombi, namakhehla nezinsizwa nomame 6enza kanjalo.

25. Ezemoto zona zidulile nga6asisinye ushelena futhi osisheshi ukuguga yizona kuhlotshwa ngazo noma kukhona umusindo. Ezingalweni 6afaka u6usenga namabedezane enziwe ngomusingizana. U6usengo 6enziwa ngomusho6a wamahashi nangocingo oluncane oluthengwayo. 6ona u6usenga 6ufakwa nesemathangeni nasema6aleni. Nawo futhi amabedezane. Kuzakuthi okhalweni kufakwe amaxama namaphasi entanyeni no6uye futhi u6uhlalu nasem6aleni 6uyafakwa u6uhlalu. Kuthi ekhanda xxfxkwxxwkx kubojozwe imali njengo sheleni, nozuka, notiki, nameshumi a6ovana, nezinde6ilishi kufakwe ekhanda. Kwenziwa izice6i loko. Futhi kufakwa umakuyiwa emusindweni. kuyo6ukwa. Kufakwa yi6o6onke namakhosikazi namadoda nezintombi nezinsizwa. Amakosikazi anezicolo amakhehla anezicoco ekhanda. Izindle6eni kx kufakwa iziqaza njenga6o 6onke a6asabinca amabeshu. Iziqaza zehlukene kukhona ezomuhlanga, kukhona ezenziwa ngame phampu amabiyisikili nezithengwayo ezifakwa kx izice6i lezo. Amadoda afaka ungiyane ngaphambili nezinsizwa ukuze kuthi uma ibeshu lida6uka kunga6i lona ehlazo ikakhulu umakuyosinwa Amabeshu wokuvumila awezinsimba nawezinye izinyamazane ezinhle.

26. Kukhona amafushane ngokuthungwa kwawo. Amade awokuhlonipha avama ukufakwa izinsizwa na6anumzane. Inkosi yona ivunula ngezinsimba nangosilo nangengwe yehluke kuma6utho yembathe nesiphuku sengwe. Ifake iziqoza ekhanda njengezinsizwa zivumile impi. Ifake nosi6a lwentshe kanye nolwe pigogo. Ifake nesigqoko sensimba nengwe ekhanda.

Amahawu kuya ngama6utho nangokwa6a kwenkosi ya6ele ama6utho ayo imi6ala yamabeshu, nezihlangu uma kuyoliwa. Owenkosi u6onakala ngesihlangu esihle impela um6ala waso nase mpini 6amu6ona ngokuvumila owenkosi nangesihlangu sakhe futhi. Umakuyoliwa kufakwa neziphukuzezimbuzi namankonyana, nezimvu. Kuphathwa imikhonto namawisa nezinduku, uma kuyiwa empini. Izinsizwa zi6ophe

MEM

/ngemicilo.........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s481

ngemicilo eziswini nangamaxama azo. Amaxamalana ziwathatha ezintombini. Yonke into eyenziwe ngo6uhlalu ivela ezintombini. Ama6eshu, namahawu nemikhonto, no6usenge kunamadoda eyiwona ekukhandayo a6ize imali ngaloku. Kwalase Machunwiwi uGcanyile Dladla oyinyanga yaloku esifundeni. Sakwa Dumakude. Kuthengiswa ngezimbuzi nangenkukhu nezimvu nangayo imali futhi.

27. Izintombi:- Amantombazane wona agqoka amabayi nezingcipa. Uma eya emusindweni avunula nangezi khumba zizinsimba. Kuthi ekhanda ahlikihle afake namakha. Ayawafaka amakha x namakhosikazi anezicolo, namaxhama ayawafaka namaphasi. Izikehli zifaka ezidwatshana ezincane zenziwe ngezingu6o, zifana nonomdidi. Izikehli zinezi calo ezifushane zona.

Ukwemula:- Umakuyokwemulwa izintombi eziyintanga yaleyo zihambaze zengafake lutho ziga6ise ngomzimba wazo. Kuthi noma zigida zigide 6uze zingembethe lutho. Amakholwa wona ayembatha noma enye intombazane yemula. Kodwa agida kanye nayo lawo alengana nayo. Ikumula ukukhombisa intombazane ukuthi isikhuhle isingaqoma uma ithanda. Ku6ulawa izinkomo eziningi umakwemula intombazane kuyanga6antu a6anye zi6e u 3, a6anye 2 omunye 1 ngokumakwa6o empahleni.

Ukucimela omunye umuse6enzi wamantombazane akholiwe nango kholwanga. Kuthi ngesikhathi uma esezoshada a6ele ku6o kasoka avakashele izihlo6o zawo ehamba ephiwa izimpahla amacansi nezimbuzi

28. noma izithe6e. 6asuke 6evalelisa ezihlontsheni za6o. Amakholwa awavumele ukwemulisa a6antwana noko amanye akwenza ngenkanti.

Ithunga:- Yilona futhi usikho lwamachunu x ukuthi intombazana uma isikhulile isithombili inikwa imbuzi yoku6a idle amasi ingawazili.leyo mbuzi kuthiwa ithunga. Uma intombazane inganikwanga ithunga i6onakala ngokuzila amasi. Intombazane noma ~~xxxxx~~ owesifazane uma eye emufuleni noma eyeshintshini akangeni esi6aye sezinkomo.akawadli futhi amasi ngalezo zinsuku. Akazinqamuli phakathi izinkomo. Owesifazane uma esethambile akayeqi indoda noma umufananjena. Akaweqi amajoko ezinka6i nezintambo zoku6ophela nezinduku. Uma owesifazane ephule

/lomuthetho..............

MEM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

lomuthetho wayeqa induke iyashesha ukwephuka. Uma indoda eyeqile iwanjalo. Owesifazane uma eye eshintshini akakuphathi ukudla kwendoda. Kodwa amakholwa wona awawunaki lomuthetho. Kumabeshu kwendlula izinsuku eziwu 7 kande a6uye aphathe isitsha somunumzane.

Umfana uma esethombile akawadli amasinaye. Yenake umfana unikwa inkomo yamasi uma esethombile ukuze awadle amasi.

29. Umfana ongakathombi akavunyelwe ukuphuza utshwala namadoda. Nezinsizwa esezithombile ziwa6anjelwa okhambeni lwamadoda. Insizwa ayiwadli amasi asemuzini, ayizidli izinkukhu zasemuzini awesifazane akayidli inyamaye nkukhu, akayidli inyama yengulu6e. Akawadli amasi asemuzini. Kuthi noma eshadile anikwe inkomo yakhe yomugano kande awadla amase asemuzini. Nakumakholwa kusenjalo. Noma a6afundisi na6ashumayeli 6elwa noka loku akupheli. Okunye kuyaphela kancane njengokwemula ukuphela kwalezinto ku6anga ukuxa6ana phakathi kwamakholwa nama6eshu ngo6a la6a 6ayashadiselana. Futhi ku6anga ukuxa6ana phakathi kukayise nonina ngo6a ~~ku~~ kuvame amakhosikazi a6e amakholwa nezingane. Kuthi umasekuyokwenziwa ezinye kulezinto a6afundisi 6angazivumi. Kusuke indoda ~~ziwa~~ ilwenekosikazi yayo iyikhiphefuthi ekukholweni. Kuthi futhi uma intombazane igane i6eshu lingavumi ukushada limelele liyikhiphe futhi intombazane okholweni. Kokunye uyise intombazane ayiganise ibeshwini kanto iyikholwa yona.

30. Kukhona ukungezwani kumakholwa namabeshu. Kuthena ngomemulo ka Sitholi wakwa Nxele elikholwa kwa6uthatha izinsizwa zezimission ezimbili zamaLuthela.k Kwamenywa amabeshu namakholwa ngo6a ~~x~~ uyise engelona ikholwa kodwa unina nengane kungamakholwa. Kwagcwala amakholwa namabeshu. Emini kwa6a kuhle impela kugida amakholwa. Kwathi kusihlwa amabeshu a6awodwa ahloma esezokulwa namakholwa singekho isisusa. Kuthiwa amakholwa ayaziga6isa azenza a6elungu. Kwathi kuhleziwe kuphuzwa utshwala izwakala amatshe lapha endlini yezinsizwa nezintombi zamakholwa. Zaphuma nizinsizwa zamakholwa zihlomile. Kuthena umaziphuma za6onana. Kodwa kunamagqu6u njena ezintombi zamakholwa ukuthi aziwavumi amabeshu. Kuthena uma seziphumile kwa Nxele ezamakholwa ziyakwezinye

MEM /kwa Dumakude.......

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

kwa Dumakude zaбonakala ezamabeshu sezilapha. Zaбaleka ezamakholwa Kwathi umfana ka Ludonga Mcunu ofundayo eGreytown бamushaya izingozi ekhanda. Wayeshaywa amabeshu. Ahlangana namakholwa yadumelana ngonyezi ngenzansi kwa Dumakude.

31. Kuthena uma isiбambeni kuthe khuhla yaqasha eyamabeshu yaбaleka. Kuthena ukuбa ikwele intaбa yehlisa kweyamakholwa. Kuthena konaloko umnumzane uNxele wanikela endunени yesigodi uGcanyile Dladla uthena ngokufika wafumanisa isavivelana kusekuбi namakholwa elindele ukuбa yehle entaбeni eyamabeshu. Yeyiбiza eyamakholwa wayithulwa. Kwafumaniseka ukuthi kulena yamabeshu aбafana amabungu. Wayithulisa nayo wacitha. Kulempi kwakuxuбile kulena yamakholwa kwakukhona namaбeshu ayelekelela amakholwa ngoбa kuyenzeka ukuthi izelamani zehlukane omunye aбe yibeshu omunye aбe yikholwa. Kuyenzeka futhi ukuthi amaбeshu ngolunye usuku ahloбe ngamabulukwe. Akulimalanga muntu ukufa, бaбa nezingozi emakhanda zamatshe. Kwathi kuliwa amantombazane amakholwa alandela nawo izinsizwa eshaya ngamatshe. Kwathi ngakusasa waбaxosha laбa бafana бamabeshu umnumzane kumomulo womuntanakhe kwasala amakholwa nezinye izinsizwa zamabeshu.

32. Umuбango kwaбa ka Nondaбula

Kuthena inkosana uAbnnari Dumakude ngokuбona ukuthi uNgwenqana Dumakude usehambile ngoбa omunye owathutha waqoda ezinkangala ngokuбona indlala isiningi kwelase ~~xxx~~ Machunwjni. Wahamba waye wakha eMvoti ngaphambili kwe Greytown. Lendlala yavela emvakwempi yezindela namathela mali. Uselimisa ngamasimu akuбuka Ngwenqana uAbunari. Usekuzwaloku uNgwenqana useбuyisa umfowaбo omncane uMtshube. Uthena ngokufika kwakhe uMtshube akavuma ukumunika u Abunari lawo masimu. Laбa aбaNondaбula бahlukene ngonina Abanari uyena nkosana. No Ngwenqana uyena nkosana kwaбo. Manje~~xx~~ amasimu akwaбo akafuni nawo ukuбa athathwe uAbunari. Usesuka uMtshube uyoбekela yena umfowaбo ukuthi uAbunari akavumi namasimu lawo. Useбuya uNgwenqana eza emasimini akwaбo. Uthena ukufika waбiza umudeni wakwa Dumakude ukulungisa lendaбa. Kuthena kunjalo lamuvuna u Abunari ngoбa uyena owasuke

/washiyanjena...........

MEM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

33. washiyanjena. Kuthena ngokuzwa loku wathukuthela uNgwenqana wamema a6akayise uku6a 6amelekelele kulende6a. Naye u Abunari wameme a6akayise 6endlu yakwa6o. Kuthena uku6a amu6one uNgwenqana xx u Abunari kuvelwa otshwaleni ngaphesheya oTulini wafuna ukumushayela khona lapho. Use6aleka u Abunari u6aleka engamu6oni uNgwenqana. Kuthena ukushona kwelanga wayaluza impela. Uthena uku6a angamutholi wayesehamba na6akwa6o 6akayise. Kuthena uma esesondele eMpofana, 6ezwakala la6a 6aka Abunari 6esho ihu6o. uNgwenqana wazikamhlophe ukuthi uyena u Abunari na6antu 6akhe. Usethi a6ahambe 6aqondekhona. Kuthena umase6esondele yadumelana. Kwakukade lina izulu. Kuthena uku6a idumelane yahlehla eka Abunari yaziphonsa emufuleni kwathi yena waphumelela ukuwela a6aningi 6ayela. uNgwenqana akasaweli yena nayekhe ngoku6ona ukuthi amanzi maningi. uAbunari kwazisa ukuthi u6engohlomile kahle kwayikhona ethathela eyohloma futhi ngokwazi ukuthi uNgwenqana useza. Futhi wathukuthelisiswa ngo6a a6afowa6o 6afe oNkinki na6amye.

34. Kuthena ukuza kwakhe kwamuva wa6ese thukuthele. 6awela kwelengenhla izi6uko. Kuthena uku6a a6one uma Ngwenqana wathi kuhle 6a6aleka impi ezayo inkulu. I6afumanisa kuyinxa 6ecamanga ukuphinda emva ngo6a umfula ugcwele. Yalwa umuzuzwana kwathi uNgwenqane walimali iso njengo6a namhlanjena lengasalungile elinye isolakhe. Use6aleka nala6o ana6o kwafa kuphela a6a6ili. Uthena uku6a a6aleke waphinda ezinkangala. Kwathi noma efunwa akatholakala yena kwathi a6a6enaye 6atholakala. Uthena esevela wavela esezoxolisa kumfowa6o. Kwafumaniseka nomfowa6o ukuthi usexolile.

Uku6ulalana kuka Nyonyana noMahlimbi.

Kwathi uNyonyana uyise mkhulu ka Mahlimbi waganwa inkosikazi embi yamufundisa ukuthakatha. Kuthena uma umfowa6o ka Nyonyana engasekho uNyonyana wa6ulala uBevule inkosana ka Mahalahla. uBevule uyise ka Mahlimbi. Kuthena uku6a afe uBevule wathukuthela x uMahlimbi wafuna amasu okususa uNyonyana. Kwahanjwa kwayobulwa. Kuthena uku6a kubulwe zamunuka uNyonyana. Usemuxosha uNyonyana

MEM /uMahlimbi............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

35. uMahlimbi ehlangene namadoda. uNyonyana usesuka uNyonyana elamba. Kuthena uma esekha6onina usecela amadla okulwa no Mahlimbi. Kuthena impi ka Nyonyana yonke yabenyiswa insangu ukuze i6enesi6indi impela. Kuthena yona iqamuka eMpungwini yaye yafinyelela e6usuku emuzini ka Mahlimbi. Ithena uku6a ifike yazingeza umuzi ka Mahlimbi. Kwafumaniseka ukuthi uMahlimbi akekholapho. Wayehambele Ondini kuyisekanina ngezinda6a za6o6eno Nyonyana. Wayeyofuna izinsizwa zokunukisa eyakhe impi. uNyonyana noMandla oyena wayezokwelekelela uNyonyana se6e thatha izinkomo. Usefika uMahlimbi usethi ulanda izinkomo zakhe. Usehlulwa uNyonyana. Use6aleka nomuziwakhe ekwela undi. Usakha umuzi omukhulu phakathi kwaMangwe. Usekhonza naye enkosini yaMangwe uMashuku.

36. Impika Sakazane noMka6ayi.

Lena impi yaMangwe naMahlu6i. Kuthena ku6usa uMka6ayi inkosi yaMahlu6i kwavela ukuzondana okukhulu kuMangwe naMahlu6i. Lezizizwe zazakhelene. Manjena kuthi umazihlangana emusindweni zeyisane kanti futhi ziyesa6ana. Amangwe kuthena uku6ulawa kwamazimu ayeqeda a6antu 6enkosi uTshaka wathuma uMatshane Sithole uku6a azo6ulala wona amazimu. Wawaxosha uMatshane wawa weza Undi. Kuthena induna kaMatshane uNgwane Ndlela uqembuka na6aningi a6antu aka6e esa6uyela kuMatshane usehamba kakhulu nomuzi wakhe ewela inkunzi wayewawela nemanzamunyama enhlanayo wase uyakha lapho umziwakhe. Waqamba isizwe sakhe wathi aMangwane.anda Amangwane kwelase Mphungwini. uMatshane akamange emulandela uNgwane ngo6awaye namandla kakhulu impela emesa6a. Futhi wahamba namaqhawe onoDlodlo Kubeka. Kuthena esewele inkunzi yaboka indlala.

37. Kwathi kanti nempi yaMahlu6i ivimbezele amadoda adla izihla nguzawo, nezintethe, kuthi uma ku6onakala ukuthi indawo a6ahambi kuyona inezinyamazane kwenziwe inqina kuphehlwe uzwathi ku6aswe kudliwe. Kudliwe nekondlwane. Kunti ngakusihlwa 6ayokwe6a izinkomo zamaHlu6i nezimbuzi. Okwenza amaHlu6i azonde aMangwane kangaka yiloko. Izingwane zafa u6uthaphuthaphu. Asewela iManzamnyama amangwane. Akuthola ukudla kokuphingo6alelo lali kumaHlu6i. nezinyamazane. Azithola futhi izinkomo ngokuzintshontsha. ~~Kuma~~

MEM /Kuthe...............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s481

Kuthe uma esemi kahle awayeka ukulwa namaHlu6i njalonjena. AmaHlu6i ethuka aMangwane ethi amampembe izinto ezingamasela. Kuthena ngelinye ilanga lapho yalwakhona kanzima impela eya Mangwane nama Hlu6i eyase Mancengeze. Kwakunomusindo kwa Ndlela eMangwaneni.ahloma aphelela impela amaHlu6i nawo aMangwane. Kuthena ŧ ngosukulomushado anikela khona amaHlu6i. Kuthi ngokufika kwawo kwaMancengeze aphumula alindela uku6a kusinwe.

38. Kuthena ngezikhathi zantambama waphuma uMsino. Asekhuphuka ama-Hlu6i. Kuthena uma se6eseduze wathi, uNomnzi igoso lempi kuhle ime ya6onakala neyamangwane iqamukile ngaphayana kwenta6a izangemizila emi6ili. Nomanzi eyakhe useyikhipha imizila emine. Kuthena uku6a uNonzi ayinukise yonke eka Nomnzi umfowa6o isinikela khona eholwa uDiza Xa6a. Ukudumelana kwayo. Kuthena ngo6uningi eyaMngwane yayidudula eka Nomnzi yaye yayi phonsa kwe6isele kuthena kunjalo ya6amba kanye kanye eya Mangwane. Kuthena yethuka yase iphakathi eyaMangwane. Kwathi eyamaHlu6i yenza imizila emine kwala embili kwathi eminye yakhokho6a yayizungeza yaze ya6aphakathi eyaMangwane. Kuthena engendla enta6eni yamaHlu6i yehlisa amatshe. Usethi uBungane undunankulu yempi yaMangwane a6alahlephansi izikhali za6o. 6azi6ike ukuthi 6ehlulwe ne6ala6a kwenza. Use yimisa neyakhe uNomnzi x sekubanjwa uBungane nephini lakhe unoMakhushu 6ahamba na6o.

39. Kwenhlula izinsuku ezintathu uBungane enga6onwa. Ase eyamemane aMangwe x nasephungwini nase kuphe nase Mahayoyo. Kwathi uku6a amaHlu6i ayi6one x isekude ayihlanga6eza. Lenake yalwa emini ngamadina ehlulwa amaHlu6i a6aleka aze ayokwela emphushini. Kwamusukwana e6uyaya uBungane nephini lakhe kwayokuqala yakwa Mancengeze kwafa a6antu a6athathu kuMangwane kwafa a6ahlanu ku Mangwane kwafa a6ahlanu kumaHlu6i. A6aningi 6a6anezingozi ku Mangwane. Kuthena kulenayamuva kwa a6antu a6a6ili kuMangwane. Kwathi uNomnzi undunankulu yamaHlu6i wa6aleka waye washona ku Bahlokazi. Kwathi uku6a akwele inta6a amuyeka uNomnzi. Aphinda emuva eseyofuna uBungane amukhulula amaHlu6i. Kuthena umase kuhlwile amangwane eseyofuna izidumbu za6afileyo 6aku6o a6a6e

MEM /6esazifumana..........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s481

6esazifumana zonke kwathola kala sasinye naso singasalungile se6emucuyile kwasala ikhanda namathanga 6akuthatha 6aye 6akulahla. Se6e6uya 6eku6a 6ahlangana nenye yama Hlu6i e6usuku a6aleka aMangwane naye uBungane.

40. Kuthena musukwana kucanguza intombi ka Mahlalela wase Mangwaneni. Amangwane amemana namaHlu6i kwanjalo. Kuthena amakhosi ekhuza akuzwa kalanga. Kuthena ngosuku lomushado uNomnzi waphuma neyakhe impi naye uBungane waphuma neyakhe impi. Kuthena kuphuma umusindo usinwa izintombi izinsizwa aza6onwa. Kwathi uNomnzi wathumela ku Bungane ukuthi impi yohlanganela enhla neManzamnyama emuthonjaneni lishona ilanga. Kwa6anjalo neyewayi bekisakhona uBungane. Kuthena ingakafiki khona yakha umukhumbi yabema intshangu yonke impi yase iyacelwa icelwa uBamu. Kwathi uku6a amaHlu6i a6one loku athumelakhona. Yahlangana lishona ilanga. UDiza wathi uku6ona ukuthi impi yimbi waho6a nomfoka Masimula. Yadumelana kwaku6i impela. uDiza 6amushaya ekhanda ngewisa noko wasinda. Lempi yalanyulwa amakhosi. Kwafa amangwane amaningi. Ehlulwafuthi aMangwane. Kwathi umase6eyi faka emakhaya kwaphuma amakhosikazi nemiphini. Uku6uyakwayo eyamaHlu6i. Amakhosi athi oyophinda enze ucuku uyena oyo6ulawa.

END 481.

MEM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.